









UDaisy Omangalisayo!

Le ncwadi ingeka:









UDaisy Omangalisayo!

Written by Nozizwe Herero

Illustrated by Siya Masuku

Designed by Leona Ingram

with the help of the Book Dash participants in Johannesburg on 27 June 2015.

Translated by Robert Mchunu

ISBN: 978-1-928318-58-3

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (<http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/>). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.

No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.

Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.


No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

U Daisy Omangalisayo!




Nozizwe Herero • Siya Masuku • Leona Ingram


Kwathi ngelinye ilanga
epulazini elincane eduzane
nendawo...




...kwakukhona inkukhu encane igama
layo okwakuthiwa uDaisy.




“Uma sengikhulile ngaba mdala,
ngifuna ukundiza ngindizele phezulu
esibhakabhakeni,” kusho uDaisy.




Kodwa zonke ezinye izinkukhu
zamhleka kakhulu.





“Uyazi wena unomsangano ngempela,”
kusho ezinye izinkukhu zibhekise kuDaisy.
“Thina angeke sisaphinda sidlale nawe.”



“Uyabona Daisy, sonke singakwazi
ukubhakuzisa amaphiko ethu kodwa
kunzima kakhulu kabi ukuthi
izinkukhu zingandiza,”
kusho uMama etshela uDaisy.










UDaisy wayengafuni ukwehluleka.

Nsuku zonke wayelokhu ezama
ukuzifundisa ukundiza, wayelokhu
ebhula amaphiko akhe.

Bhaku, bhaku, bhaku, uDaisy
wabhakuzisa amaphiko akhe
kodwa wangakwazi ukusuka
ukusuka phansi.








Kwakuthi lapho ezama
ukuzejwayeza ukundiza, uDaisy
wazibona ngamehlo engqondo
esendizela phezulu
esibhakabhakeni ebuka ezinye
izinkukhu ziphansi zihamba
emhlabathini ezansi kwakhe.

Wayezibona ngamehlo engqondo
esendiza edlula izinyoni
ondlunkulu nezinkonjane.

“Hawu bo!” kubabaza izinyoni.
“Inkukhu endizayo!”



So ... Bhaku, bhaku, bhaku, nsuku zonke
uDaisy wayebhula amaphiko akhe.

UDaisy wayesuka phansi aqale andize
kodwa abuye awe phansi futhi.




“Kuyacaca ukuthi mina angeke
ngiphinde ngikwazi ukundiza!” kusho
uDaisy ekhala ekhuluma noMama.

“Kusho ukuthi bebeqinisile
laba kade besho kanjalo.”



“Uyabona wena Daisy, uyazi nje
wehlukile kwezinye izinkukhu. Lezi
ezinye izinkukhu azifuni ukundiza kodwa
wena uyafuna! Futhi wena ngiyakwazi
ungandiza uma usuthanda,”
kusho uMama.





Ngosuku olulandelayo uDaisy
wagibela phezu kwehhoko yezinkukhu
wathi esuka lapho wathi
bhaku, bhaku, bhaku, uDaisy
wabhakuzisa amaphiko akhe.

Wasuka lapho wandiza wabheka
phezulu emoyeni
wabe esebhakuzisa amaphiko akhe ...

wabe esebhakuzisa amaphiko akhe ...

wabe esebhakuzisa amaphiko akhe
ngemuva kwalokho ... wabe...

BHU PHANSI!



Ezinye izinkukhu zavele
zahleka kakhulu.
“Ha ha ha! Sikutshelile!
Sathi izinkukhu azikwazi
ukundiza!”



Kodwa ngosuku olulandelayo
uDaisy wagibela
waya phezulu, phezulu kakhulu,
wafika esicongweni sendlu karondo.






Bhaku, bhaku, bhaku, uDaisy
wasuka lapho wabhukuzisa
amaphiko akhe.






Wasuka lapho wandizela phezulu
emoyeni ebhakuzisa amaphiko akhe ...
waqhubeka wabhakuzisa amaphiko
akhe ... wabe esebhakuzisa amaphiko
akhe ngemuva kwalokho ...



Waqhubeka wandiza uDaisy!

Kepha umoya ngaphansi
kwamaphiko akhe wakhula
ngamandla kodwa walokhu
eqhubeke njalo uDaisy endizela
phezulu naphezulu!

Izinyoni eziningi okungondlunkulu
nezinkonjane zathi,
“Isimanga bo! Inkukhu endizayo!
Wozani nizobona bo!”





Kanti nezinye izinkukhu
zasezifuna ukufana noDaisy.

Ezinye izinkukhu zathi kuye,
“Hawu Daisy, hhayi wena,
uyazi uyamangalisa!”

